

# UCYRIL I-COELACANTH

Sanibonani,
Igama lami ngingu Cyril
icoelacanth.



Ngihlala e Chaka Canyon ngase Cape vidal eSimangaliso Marine Protected Area (indawo ivikelekile olwandle) enyakatho ne KwaZulu-Natal eNingizimu Africa.




## UTHI BEWAZI NJE?

INingizimu Afrika inama Canyon angaphezulu kwamashumi amahlanu (50) atholakala ngaphansi kwamanzi Kanye nezintaba eziyisikhombisa (7) ngaphansi kolwandle.

***AWUCABANGE NJE- INTABA NGAPHANSI KOLWANDLE!***




Ososayensi basebenzisa imisindo eyenanelayo (njenge hlengethwa) ukuze bezokwazi ukubona okungaphansi kolwandle. Nansi indlela ebukeka ngayo iCanyon kwenye yezimephu zabo - **lezizindawo eziluhlaza kakhulu isekujuleni.**



iCoelacanth ngayinye inephethini yayo yodwa. Amabala nephethini yami awafani naka Nandi no Shaka, abangamaCoelacanth ahlala emgedeni ongumakhelwane wami.






Ososayensi babecabanga ukuthi sesashabalalanjengama dayinaso, kodwa ngo 1938 iCoelacanth yabanjwa ngumdobi ngase East London. Awucabange nje ukuthi ososayensi babejabule kanjani ukuthola ukuthi sisekhona! Sesibekhona iminyaka engaphezulu kwe 300 000 000 – ngaphambili kokubakhona kwama dinayiso!

Lososayensi, **uMarjorie Courtney Latimer,** waba ngowokuqala owabona ukuthi kanti sisaphila ngempela. Waze wanobuhlakani umuntu wesimame!




**Singakhula sifinyelele kumamitha amabili ubude (2m) bese ngesisindo singaba ikhulu lamakhilo (100).**

Sinamafini (amaphikwana) ayisishiyagalombili (8), – amabili (2) emhlane (abizwa ngama dorsal fin), amabili (2) agqame emaceleni abizwa ngama pectoral fins (lilodwa ngala nangala), amabili (2) ngaphansi abizwa ngama pelvic fin, linye ngasemsileni ngaphansi elaziwa nge anal fin, bese kuba ngelingumsila elinamandla kakhulu elaziwa nge tail fin.





Sibhukuda ngendlela engajwayelekile njengomdanso wangaphansi kwamanzi. Kubukeka sengathi 'siyahamba' ngamafini ethu.

AmaCoelacanth akhuthala ebusuku. Sizihlalela emigedeni emini bese siphume ebusuku ngoba sesiyozingela izinhlanzi kanye nama skwidi.






**Sibona kahle ebumnyameni.**



Siyakwazi nokuzwa okuphilayo kanye neminyakazo ngesitho sethu **esinomuzwa okhethekile oyingqayizivele.**

Ososayensi bawubiza nge **rostral organ** futhi bacabanga nokuthi yiso lesisitho esisisebenzisayo ukuthola ukudla.




Japanese bigeye

ESimangaliso, sivakashela izindawo ezimangazayo zeziponji ezihlala **ngaphansi kolwandle emamitheni angaba phakathi kwekhulu namashumi amathathu (130) kuya kwikhulu namashumi ayisishiyagalombili (180) wamamitha.**

Iziponji izilwanyana ezikwazi ukusefa amanzi angafinyelela ezinkulungwane eziningi zamalitha wamanzi ngosuku. Kantike ofishi bathanda kabi ukuzicashela kuleziponji ezimangazayo.


Pineapple fish

# IMIBUZO

1. Uhlala kuphi uCyril?

2. Inamafini amangaki iCoelacanth?

3. Adlani amaCoelacanths?

4. Ucabanga ukuthi amaCoelacanths akuthola kanjani ukudla kwawo?

5. Ungawahlukanisa kanjani amaCoelacanths?

# IMIBUZO

1. Uma uCyril ethola izinhlanzi ezingama shumi amathathu nanye (31) okuthiwa ama lantern fish bese edla eziyishumi nane (14), kusala amanga ki ama lantern fish?

2. Ekuseni, uCyril ubhukuda ekujuleni kwamamitha angama khulu amane (400) lapho adla khona ama skwidi, bese abuyele emgedeni wakhe ose kujuleni kwamamitha ayikhulu neshumi (110), uhambe amamitha amangaki ukwenyuka?

3. Ekuseni, uCyril ubhukuda asuke emgedeni wakhe ongamamitha ayikhulu neshumi (110), ehle amamitha angama amashumi amathathu nesihlanu(35) eya lapho kutholakala khona iziponji. Zisekujuleni okuyibanga elingakanani iziponji?

4. Uma uCyril enamanye amaCoelacanth amahl anu emgedeni wakhe, asuke emangaki amafini esewonke?

Written by Kerry Sink, Jesser Sink-Smith and Judy Mann

Translated by Bulelani Ntuli

Designed by Colette Bodenstaff

SAAMBR INCORPORATING OCEANOGRAPHIC RESEARCH INSTITUTE ORI uShaka SEA WORLD

Helping people to care for our ocean